
Usuku:




Masizijabulise

Bheka incwadi ngayinye ubukisane nabangani bakho. Wena nabangani bakho tholani isihloko sencwadi ngayinye kanye nombhali. Yishoni ukuthi nicabanga ukuthi incwadi kumele ikhulume ngani. Yiziphi ongathanda ukuzifunda kulezi zincwadi? Bhala izinombolo ezincwadini ezinhlanu. Qala ngokubhala inombolo 1 encwadini ongathanda kakhulu ukuyifunda wehle njalo uze ufike encwadini lapho ubhala khona u-5 encwadini ongathandi kakhulu ukuyifunda. Yini ningayi emtatsheni wezincwadi niyobheka ukuthi ngeke yini niboleke ezinye zalezi zincwadi khona?





Isihloko

Umbhali




Isihloko

Umbhali




Isihloko

Umbhali




Isihloko

Umbhali




Isihloko

Umbhali

TEACHER: Sign Date

Usuku: ____________

| Siyithole kuphi imiklomelo isikole? |
|---|
| |

| Kopisha umusho ositshelayo ukuthi uNgqongqoshe ujabulile ngalesi sikole. |
|---|
| |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

Amagama okubhekisiswa
- ubona
- kanjani
- kuphi
- ngalesi

ummango | mlethe | mvuse | mbone
ummbila | mlalise | mvalele | mbambe

| umminzo | mlande | mveze | mbize |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |




Masibhale

Gcwalisa amabizo adingekayo ulandelise ngezichasiso eziwachazayo. Sebenzisa la magama, azokusiza.


**Izichasiso:** ziphakeme, zinejubane, banomsindo, zinde, zinkulu

**Amabizo:** izimoto, izakhiwo, izihlahla, isikole, abantu


 ______________ zi ______________.

 ______________ zi ______________.

 ______________ ba ______________.

 ______________ si ______________.



 ______________ zi ______________.

Usuku: ____________



## Masibhale

Qondanisa la mabizo asebunyeni nahambisana nawo asebuningini.

> Kunezindlela ezininingi zokuguqula amabizo aye ebuningini, kuya ngezigaba zamabizo.



ingubo — izingubo

umlilo

impungushe

isifiso

ibhokisi

isixha

amabhokisi

indishi

izindishi

izixha

izifiso

imililo


izimpungushe



## Masibhale

Sebenzisa isimeleli ngokufanele.

> Khumbula, uma sifuna ukuhlukanisa amalunga egama sibheka umsindo nawonkamisa bawo sihlukanise ngakho.







| | |
|---|---|
| Ngena endlini. | |
| Funda incwadi. | |
| Phuza umuthi. | |
| Landa amanzi. | |
| Thatha enye. | |
| Yidla eyodwa. | |
| Woza ekhaya. | |











## Masizijabulise

Thola ukokelezele okungahambisani nokunye. Manje bhala igama leqembu ngalinye esikhaleni osinikeziwe.

ezemidlalo | izithuthi | imisebenzi

| | |
|---|---|
|  | ______________________ |
|  | ______________________ |
|  | ______________________ |

